
Ivangeli lingamandla kaNkulunkulu kubeyinsindiso kulowo nalowo okholwayo. Roma 1:16




Mesabeni lowo o-namandla okuphonsa esihogweni. Luka 12:5

ZULU – "Not Fables but Power"

# AYI IZINGANEKWANE KEPHA AMANDLA !

**AMANDLA OKUSINDISA**

"Ngokuba sasingalandeli izinganekwane ezobuqili, lapho sanazisa amandla nokufika kweNkosi yethu uJesu Kristu, kepha sasingababonayo ubukhulu bakhe." (2 Pet. 1:16).

Abanye bafuna sikholwe ukuthi iBaibeli lenziwe ngezinganekwane izindaba ezingelona iqiniso eziqanjwa nga-bantu.

Kepha uMphostoli uPetro usitshela amandla okubuya kuka Jesu Kristu abambona ngenkathi ekhazimuliswa phambi kwabo entabeni, babona inkazimulo yakhe bezwa izwi likaNkulunkulu livela efini lithi: "Lo iNdodana yami ethandiweyo engikholwa yiyo." (Mat. 3:17).

UMphostoli uPaul usitshela ukuthi akanamahloni ngeVangeli likaKristu ngoba lingamandla kaNkulunkulu okusindisa bonke abakholwayo, uMjuda kuqala nowezizwe. (Rom. 1:16). UKristu weza ukuzosindisa izoni. Akekho omubi ngokweqile noma



**MALETSUNYANE FALLS (194 metres) Lesotho**
Yilapha u Masoebe, inyanga enkulu yokubhula, walahla khona amandla akhe onke, imithi yobuqaba namathambo okubhula uma se etholile impilo entsha ku Kristu.

olunge kakhulu ukuba angamsindisi. Uyakwazi ukubasindisa bonke labo abeza kuNkulunkulu ngoJesu Kristu. (Heb. 7:25). Unamandla okusindisa esikhulu isidakwa esinosizi, usindisa utsotsi, isela nonamanga. Wasindisa umbulali esiphambanweni. Wasindisa isifebe saseSamaria. Wasindisa uhlanya lwaseMagadara olwalunamademoni. Wasindisa uPetro ekucwileni ngokukhuza isiphepho solwandle. Wasindisa abantu ababekholwa kakhulu njengoSaul wase Tharsu owaba nguPaul onamandla.

Lapha eAfrica wasindisa imiphefumulo ezinkulungwane. Abanye babeyizidakwa, abanye babengabantu abaziphethe kabi. Kukhona izangoma ezinamandla kakhulu ezisindisiwe Omunye ubizwa ngokuthi uMasoebe wayeyisangoma esinamandla kabi ezinsukwini zakhe. Wayekwazi ukwenza "uTokoloshe" umoya omubi. Wayezisho ukuthi unamandla okunisa imvula. Wayeyisidakwa futhi

enisimilo esibi. Kepha ngelinye ilanga nxa ezwa iVangeli lishunyayelwa wabona ukuthi uNkulunkulu ubasindisa kanjani abagulayo nezishosha ngaphandle komuthi, wasindiswa ngendlela emangalisayo. Wabuyela emuva kubo ezintabeni ezinde zaso Lesotho. Waqoqa yonke imithi yakhe, namathambo namakhubalo wakulahla eweni elikhulu empophomeni ye "Maletsunyane" engamanyathelo angu 194 ukuphakama. Washisa wonke ugwa yi wakhe nensangu. Wachitha bonke utshwala bakhe njengoba wayesezimisele ukuba angabuye aphuze futhi angabe esabhema ugwayi nensangu. Waba ikholwa impela waziwa yibo bonke abantu ukuthi ungumuntu kaNkulunkulu. Akekho owayengaguqula lempilo yalomuntu kepha uKristu.

Ngazi enye insizwa eyayingutsotsi impela, wayephila ngokweba nokukhohlisa, nokuphanga nomaphi lapho ayefika khona. Wayehlala kakhulu ejele kunangaphandle. Kepha amandla eVangeli amsindisa impela lowomuntu, aguqula impilo yakhe yonke, waba umshumayeli omangalisayo weVangeli. Ngokushumayela kwakhe kwaphenduka otsotsi abaningi nezidakwa namasela, nababulali, basindiswa impela phakathi kwezinhlobo nezigaba zonke zabantu abacebile, nabampofu, abamhlophe nabamnyama.

Wona lawo mandla okusnindisa asindisa mina eminyakeni engamashumi amahlanu eyedlule angigcina yonke leminyaka. Asindisa abafowethu nodadewethu. Asindisa umama wami othandekayo. Azokusindisa ngokuphazima kweso uma umvumela uJesu angene enhliziweni yakho. Inkolo ayinakukusindisa. Ayingisindisanga nami. Kepha uJesu usindisa noma ubani oza kuye. Ngenxa yakho lokho weza emhlabeni.

Ngezinyangana ezimbalwa ezidlule sasihlala nomfelokazi, indoda yakhe kwakungathi yayiphila esihogweni iminyaka engaphezulu kwamashumi amabili, iphuzela ukufa, yabangela impilo yomkayo nabantwana yaba nosizi kabi. Kepha bahlala njalo bemkhulekela uNkulunkulu wamsindisa wamkhulula kuzo zonke izono zakhe. Akusikho ukuthi amandla eVangeli asindisa umuntu ngamunye kuphela, angasindisa umuzi wonke. Umuzi noma idolobha, nomake izwe lonke.

Imvuselelo eWales eminyakeni engamashumi ayisithupha eyedlule yasindisa yonke imizi, yasindisa neNgilandi empini. Ukushumayela nje kukaJona kwasindisa umuzi omkhulu wase Niniva ekubhujisweni. UNkulunkulu angasindisa isizwe sonke. Wathi: "Bhekani kimina, nisindiswe nina zinhlangothi zonke zomhlaba." (Isaya 45:22). IBaibeli nomlando wezwe ugcwele ubufakazi bamandla kaNkulunkulu okusindisa. Yikho lokhu ingilosi yathi kuJosefa engakazalwa uJesu, "Uyakuyiqamba igama layo uJesu ngokuba ku uye oyakusindisa abantu bayo ezonweni zabo." (Mat. 1:21).

## AMANDLA OKUPHILISA

"NginguJehova okuphilisayo." Kwasho uNkulunkulu kuMosi. (Exod. 15:26). UNkulunkulu wafakazela iqiniso lezwi lakhe elingenakwephulwa. Iminyaka engamashumi amane kwakunguye nje inyanga yabo. Akukho noyedwa owayebuthakathaka noma egula kubantu ababecishe babe u 3 000 000. Akukho neyodwa inyanga noma umuthi owake wasentshenziswa kubona. Ngisho nalapho sebelunywe izinyoka, ukuyibheka nje kanye inyoka yethusi (Umfuziselo kaKristu) kwabaphilisa. Amakhulu nezinkulungwane zabantu abaphila namhlanje bangafakaza ngamandla okuphilisa eNkosi yethu uJesu Kristu. Umlephero oweza kuJesu washesha wahlanjululwa. Izimpumputhe zavulwa amehlo azo. Izithulu nezimungulu zaqala ukuzwa nokukhuluma. Izishosha nabaqhugayo bahamba. Ngisho nabafile bavuswa baphila futhi ngamandla okuvusa eNkosi yethu uJesu Kristu. Uma ayengekho amandla okuphilisa eVangelini nasegameni leNkosi yethu uJesu Kristu, Leliphepha ngabe alibhalwanga, ngoba mina uqobo ngangiseduze komnyango wokufa kaningi ngokugula okubi kabi, kepha ngaphiliswa ngamandla ezwi lakhe. Impela wathwala izono zethu nokugula kwethu ngomzimba wakhe esiphambanweni **ngemidwa yakhe sipholisiwe thina.**

Kusihlabelelo 103:2,3. Sifunda "Bonga uJehova mphefumulo wami... Oyekela ukonakalisa konke kwakho, ozelaphayo izifo zonke zakho." UJesu umphilisi akaphilisi umzimba ogulayo kube kuphela kepha nomphefumulo oguliswa isono. Uphilisa izinhliziyo nomoya odabukileyo. "Ubuyisela umphefumulo wami." Kwasho uDavida. "Ngobuyisela ukuphila kuwena ngokuphilisa." Sinfunda ukuthi uNkulunkulu owenza umuntu ngothuli lomhlabathi, uyakwazi futhi ukubuyisela impilo kithina asiphilise.

Ngeke ngayikhohlwa indodana yenkosi eLusuthu eyayilimele emhlane ngokuwa ehhashini, wafa esingezansi kusukela okhalweni kuya ezinzwaneni, wayengakwazi ukunyakazisa imilenze yakhe, ngisho uzwane. Walala embhedeni isikhathi esingaphezulu kweminyaka emibili. Ngamandla eVangeli wathola ukuthethelelwa kwezono zakhe zonke nempilo entsha kuKristu. Ngokuphendulwa komthandazo waphiliswa ngokushesha ngokukholwa wasukuma wasebuya ephinda futhi wagibela ihhashi lakhe.

Ukuphiliswa kukaMadihotetso, indlalifa yenkosi ecebe kabi yase Lusuthu, kwanyakazisa izwe lonke. Iminyaka emini ngi wayehlanya wayeboshwe ngazo zonke izinhlobo zezibopho akekho udokotela omhlophe noma omnyama owayengamsiza kepha uNkulunkulu wamkhulula emuva kokukhulekelwa ngomunye wezinceku zakhe. Ngeke ngamkhohlwa uNkosikazi Van Rooyen, inkosikazi yomunye wabalimi abadumileyo eFree State owagula kakhulu emuva kokuba abelethe ingane yakhe yokuqala. Ngeminyaka eyishumi nanhlanu wayesehlinzwe kamashumi amabili nane. Wayesenikelwe ukuthi usezosala efa. Wayengakwazi ngisho nje ukunyakaza engasaboni, engasezwa futhi, ithuna lakhe lase limbiwe ibhokisi lase lithengiwe, nezihlobo zase zitsheliwe ukuba zize emncwabeni, kepha uNkulunkulu wangena wathuma omunye wezinceku zakhe ukukhuleka umkhuleko wokukholwa. Esakhuleka washo uMarko 16:18. "Abakholwayo

bayobeka izandla kwabagulayo basinde." UNkulunkulu wayithinta inkosikazi wayiphilisa impela.

## AMANDLA EGAZI LIKAJESU

Kungamandla egazi likaJesu Kristu kuphela ukuba izinhliziyo zethu zihlanzwe ezonweni zonke. Akukho nsipho noma uhlobo oluthile lomuthi olungakwazi ukususa isono. "Uma sithi asinasono siyazikhohlisa alikho iqiniso kithina. Uma sizivuma izono zethu, uthembekile yena ulungile uyakusithethelela izono zethu asihlanze kukho konke ukungalungi. Igazi likaJesu Kristu iNdodana kaNkulunkulu lisihlanza ezonweni zonke. (1 Joh. 1:7-10). Esambulweni 7:9-17, Sifunda ngesixuku esikhulu esingenakubalwa muntu sezizwe zonke nemindeni, nesabantu, nezilimi. Abahlanze izingubo zabo (izinhliziyo) bazenza mhlophe egazini leWundlu.

UPetro noJohane basitshela ngamandla okuhlenga egazi likaJesu elingasihlanzi nje kuphela ezonweni ezindala kepha esonweni uqobo, nasekubusweni nasemandleni esono. UNkulunkulu wazithengela thina ngegazi leNdodana yakhe. Siyazi ukuthi asihlengwanga ngesiliva negolide kodwa ngegazi elihle likaKristu kungathi elewundlu lemvu elingenacala elingenabala. (1 Pet. 1:18-19). Wasithenga ngegazi lakho kuyo yonke imindeni, nezilimi nabantu, nezizwe sibe abakaNkulunkulu. Wasenza amakhosi nabapristi. (Isamb. 5:6-9). Igazi likaJesu Kristu linamandla okusivikela emandleni amabi esitha. Kwakuyigazi leWundlu elathelwa emnyango yezindlu zabo, elavikela abantwana bakwa Israel eGipithe kulowo owayebulala onke amazibulo. UNkulunkulu wathi "Uma ngibona igazi ngiyodlula." (Exod. 12:13). Kwakuyintambo ebomvu eyasindisa uRahabi kanye nabo bonke abantu babuko nxa kuwa iJeriko. (Josh. 2:18-21). Kanjalo igazi likaJesu Kristu linamandla okusindisa wena nendlu yakho uma ukholwa. "Kholwa inkosi uJesu Kristu uyosindiswa wena nendlu yakho." (Izenzo 16:30-31).

Abantu ababesendaweni engenalutho ngisho nezihlahla eLusuthu, babophela izintanjana ezibomvana emhlane wamatshwele phakathi kwamaphiko. Babazi ukuthi uklebe akasoze ahlasela noma athathe itshwele elinentambo ebomvu ngemuva. Siyafunda futhi kuSambulo 12:11 ukuthi abangcwele bamnqobile usathane ngamandla egazi leWundlu Lelivesi lineqiniso impela: Kukhona amandla, amandla amangalisayo, egazini leMvana, kukhona amandla, amandla amangalisayo egazini leMvana.

## AMANDLA OMKHULEKO

Ukukholwa nomkhuleko ohlanjululiwe unamandla angenakuphela. Umkhuleko uguqula izinto UJesu w athi, Celani niyakwamukeliswa. Ilephero elalingenakusizwa muntu lacela uJesu ukuba alihlambulule, uJesu wenza njalo. Masinyane ubulephero bamyeka. Impumputhe yakala kuJesu yavuleka amehlo. Amadoda amane ayethwele owayegula efe uhlangothi amletha kuJesu. Amcela ukuba amphilise, uJesu wamphilisa. Kukhona amandla amakhulu empilo nensindiso emkhulekweni kunamabhomu azo zonke izinhlobo. Umkhuleko awusindisi umuntu ngamunye kuphela ungaguqula isizwe sonke.

UElija wayengumuntu njengathi wakhuleka impela ukuba lingani alinanga iminyaka emithathu nengxenye. Wabuye wakhuleka umkhuleko nje kwase kwehla umlilo eZulwini, waqeda umhlatshelo wokushiswa, izinkuni namatshe, nenhlabathi wakhotha namanzi. Isizwe sonke sakwa Israele sabuyiselwa kuNkulunkulu ngomkhuleko womuntu oyedwa. Inkosi uHezekaya wakhuleka kuNkulunkulu ngenkathi izitha zifika njengesikhukhula. Ngokuphendulwa komkhuleko wakhe ingilosi yeNkosi yabulala amabutho angu 185 000 enkambini yezitha. UJesu wakhuleka kwaze kwaguquka ubuso bakhe ingubo yakhe yabamhlophe yacwebezela. Wakhuleka ubusuku bonke. Wazila wathandaza. Wakhuleka ngobuhlungu, wakhuleka kakhulu kangangokuthi umjuluko wakhe kwabasengathi ungamathonsi amakhulu egazi. Wasinqoba isono, inyama, nosathane ngomkhuleko. Wasitshela ukuba sikhuleke singaphezi.

## AMANDLA OKUKHOLWA NOTHANDO

UJesu wathi uma sinokukholwa okungangenhlamvu yesinaphi siyosusa izintaba. Akukho okungenzeke ngokukholwa kuNkulunkulu. Ngokukholwa labo banqoba imibuso basebenza ukulunga bazuza okwethenjiswayo, bavimba imilomo yezingonyama. Bacima amandla omlilo baphepha usiko lwenkemba, babenamandla ababuthakathaka ba iziqhwaga (uDavida no Goliyade) behlula impi yabezizwe. (Heb. 11:33,34). Ukukholwa ukunqoba okunqoba izwe. (1 John 5:4).

Othandweni sifumana amandla amakhulu kaNkulunkulu abonakalisiwe. Uthando lunamandla njengokufa, lunqoba isitha esinamandla kakhulu. UKristu wasifela siseyizoni. Uma lapho sasi izitha sabuyiselwa kuNkulunkulu ngokufa kweNdodana yakhe. (Rom. 5:8-10). Kwakungamandla othando enza ukuba uNkulunkulu anike thina zoni ezilusizi iNdodana yakhe ezelwe yodwa, ukuba abakholwa yiyo bangabhubhi babenokuphila okuphakade. (Johane 3:16). Loluthando lukaNkulunkulu luyasicindezela lusinika amandla okumkhonza, ukugcina imiyalo yakhe, nokuthatha isiphambano sakhe yonke imihla nokumlandela. Lususa konke ukwesaba. Akukho okungasehlukanisa nothando lukaKristu. "Siyehlula nokwehlula ngaye owasithandayo. Nakufa, nakuphila, nazingilosi, nazikhulu, namakhosi, nakho konke okukhona nakho konke okuzayo, nakudepha, nakujula, nanye into edatshuliweyo akuyikuba namandla okusahlukanisa nothando lukaNkulunkulu olukuKristu uJesu iNkosi yethu." (Rom. 8:35-39).

## AMANDLA ADONSAYO

UJesu unguzibuthe onamandla kakhulu (noma amandla adonsayo) udonsela bonke abantu kuye. "Kepha mina uma ngiphakanyiswa emhlabeni, ngiyakubadonsa bonke beze kimi," kwasho uJesu.

(Johane 12:32). Akasiqhubi ngokwesaba njengosathane owenza njalo. UJesu usidonsa njengomalusi olungileyo edonsa izimvu zakhe. "Ngidonse siyakukulandela." Isihlabelelo sikaSolomona 1,4. Usidonsa asisuse esonweni nasezweni simlandele emandlelweni aluhlaza nasemanzini athulile. Ngokuba iNkosi uqobo iyakwehla eZulwini ngokuhlokoma nangezwi lengilosi enkulu, nangecilongo likaNkulunkulu, abafileyo abakuKristu bayakuvuka kuqala, khona thina esiyakubakhona sisele sohlwithwa kanye nabo emafini ngokuphazima kweso, siyohlangabeza iNkosi phezulu, kanjalo siyakuba kuyo ngezikhathi zonke. (1 thes. 3:13-18; 1 Kor. 15:51-58).

**AMANDLA ADALAYO**

Ngingakavali ngivumeleni ngikhulume ngamandla adalayo eVangeli, enza isidalwa esisha kithina, enza abangcwele ezonini. Inkosi uDavida wayazi ngalamandla uma ekhuleka. "Ngenzele inhliziyo ehlanzekileyo uvuse umoya oqinisekileyo ezibilinini zami." (Isihlabelelo 51:10). Emuva kokunqoba konke ayekunqobile ezitheni, wabona ukuthi isitha esinamandla kakhulu sasikuye inhliziyo yakhe engcolile, ekhohlisayo eyonakele kakhulu ubani ongayaziyo. (Jer. 17:9). UJesu uqobo wasitshela ukuthi kuphuma ngaphakathi enhliziyweni yabantu izizindlo ezimbi, ukuphinga, nokufisa, ukona, ukukhohlisa, ukukhanuka, yiso elibi, inhlamba ukuzidla, ubuwula. (Marku 7:21-23).

UDavida wabona ukuthi angeke ayiguqule inhliziyo yakhe, angeke ayihlanze ngakhoke wathandaza ngokukhuthazela ngokukhulu ukuqondiswa ukuthi uNkulunkulu owadala izulu nomhlaba akadale futhi inhliziyo ehlanzekileyo kuyena amnike umoya oqinisileyo UMoya Oingcwele. UNkulunkulu wawuphendula umkhuleko wakhe ngokuba lokhu kuyisethembiso sakhe eTastamenteni elidala. "Inhliziyo entsha ngoninika yona nomoya omusha ngowufaka ngaphakathi kwenu, ngisuse inhliziyo yetshe kuyo inyama yenu nginike kini inhliziyo yenyama." (Hez. 36:26-27). "Ngiyakubeka imithetho yami ekuzindleni kwabo ngilobe ezinhliziyweni zabo." (Heb. 8:10,11).

Kuningi okugashiwo ngamandla ezwi lakhe eliphilile linamandla libukhali kunezinkemba zonke ezisika nhlangothi zombili. Amandla okuvuka kwakhe ubukhulu bamandla akhe kithina abangakholwa izinganekwane, njengomsebenzi wamandla akhe amakhulu. Awenzayo kuKristu, emvusa wambeka ngakwesokunene sakhe eZulwini. Phezu kwayo yonke imibuso, namandla, nobukhulu, nobukhosi. (Ef. 1:15-21).

UJesu wathi: Kepha niyakwamukeliswa amandla esefikile phezu kwenu uMoya oyincwele. Ngalawo mandla iJerusalema lonke lashukumiswa ngosuku lukaPentekoste. Lawo mandla asenjalo nanamuhla, ngokuba isithembiso sikini nakubantwana benu nakubo bonke, nabaningi iNkosi yethu uNkulunkulu eyakubabiza." (Izenzo 1:8).

**AMANDLA EGAMENI LIKAJESU**

Singakhuluma ngamandla amakhulu egama likaJesu elinikwe ebantwini esingasindiswa ngalo. (Izenzo 4:12). Ngegama lami kwasho uJesu bayakukhipha amademoni bashumayele ngezilimi ezintsha, babeke izandla kwabagulayo basinde. (Marku 16:17-18). "Lokho enikucela ngegama lami ngokwenza." (Johane 14:13,14, 15:16; 16:23). UPetro wathi kulendoda eyayisishosha kwasebunganeni bayo. "Ngegama likaJesu Kristu waseNazaretha suka ume uhambe." Akumangalisi igama lakhe libizwa ngokuthi: Ummangaliso isazi, uNkulunkulu onamandla, uyise osimakade, iNkosi yokuthula. (Isaya 9:6-7). UNkulunkulu umphakamisile uJesu owake wafela mina nawe esiphambanweni, wamnika igama elikhulu kunamagama onke kuze kuthi ngegama likaJesu amadolo onke aguqe awabaseZulwini nabasemhlabeni, nawabaphansi komhlaba. Zivume izilimi zonke zithi uJesu Kristu iNkosi adunyiswe uNkulunkulu uyise." (Fil. 2:10,11).

"Uma uvuma ngomlomo wakho iNkosi uJesu ukholwe ngenhliziyo yakho ukuthi uNkulunkulu wamvusa kwabafileyo uyakusindisawa." (Rom. 10:8-11). Guqa ngamadolo MANJE phambi kwakhe ngomkhuleko, kholwa MANJE kulowo owafa wavuka ngenxa yakho. Mvume phambi kwabantu noNkulunkulu ngomlomo wakho singakeqi kakhulu isikhathi. Okholwa kuyena akayikubanamahloni.

*J.R. Gschwend.*

---

Kindly write to us if you are able to assist us with further translations of our free Gospel literature, informing us of the language into which you could translate this Gospel literature. Your assistance would be appreciated.

If you have found salvation in Christ, or have been otherwise blessed through our Gospel literature, please let us know. We would like to thank God with you, and remember you further in our prayers.

For **free** Gospel literature, books and tracts in over 540 languages, write to:
EMAIL: info@angp.co.za
**ALL NATIONS GOSPEL PUBLISHERS**
**P.O. Box 2191, PRETORIA, 0001, R.S.A.**
(A Gospel Literature Mission financed by donations)
(Reg. No. 1961/001798/08)